

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2021

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba	(40)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(20)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Kumele uhlele (isibonelo: usebenzise umdwebo osalulwembu-mind map/ iflowushadi/amagama angukhiye), ulungise amaphutha bese uwufundisisa umsebenzi wakho. Uhlelo/uhlaka kumele lubonakale NGAPHAMBI kombhalo ngamunye.
6. Konke ukuhlela makukhonjiswe ngokubhalwa bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe ulayini ovundlayo phezu kwakho konke ukuhlela.
7. Uyelulekwa kakhulu ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-75	
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-38	
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-37	
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela efanele ehambisana nokuhlelwa kwezinombolo okusetshenziswe kuleli phepha lemibuzo.
9. Bhala izihlokwana ezifanele empendulweni ngayinye.
10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.

QAPHELA: Bhala uhlelo/uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Umngani Engingasoze Ngamkhohlwa. [40]
- 1.2 Ukubaluleka Kwamanzi. [40]
- 1.3 Kwakuyimvula Enezimanga Leyaya! [40]
- 1.4 Uthando Engaluthola Kuthisha Wami! [40]
- 1.5 Umculo Engiwukhonzile. [40]
- 1.6 Bukisisa lezi **zithombe ezilandelayo** bese ukhetha ESISODWA ubhale indaba. Nika indaba isihloko esiyifanele.

QAPHELA: Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6.1



Sicashunwe: www.gettyimages.com

[40]

1.6.2



[Sicashunwe: www.gettyimages.com]

[40]

1.6.3



[Sicashunwe: www.gettyimages.com]

[40]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

40

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

2.1 INCWADI YOKUKHONONDA ('COMPLAINT')

Ubona sekunenkinga yokucishwa kukagesi kungamenyenzelwanga emphakathini.

Bhala **incwadi yokukhononda** uyiqondise kuMphathi kaMasipala wendawo yakini.

[20]**2.2 INCWADI YOBUNGANI**

Ekhaya kini nizobe ninomcimbi ngamaholidi kaDisemba. Manje ufuna umngani wakho azokusiza/azokulekelela.

Bhalela **umngani wakho incwadi** ukuba afike azokusiza/azokulekelela ngelanga lomcimbi.

[20]**2.3 INKULUMO ('SPEECH')**

Umzala wakho ugubha usuku lwakhe lokuzalwa. Wena ungomunye wezikhulumi acele ukuba zethule inkulumo.

Bhala **inkulumo** ozoyethula kulo mcimbi.

[20]**2.4 ISIBUYEKEZO ('REVIEW')**

Ufunde i-athikhili yelinye lamaphephandaba ekhuluma ngabantu abafundela ubudokotela phesheya kwezilwandle nangendlela abahleli ngayo.

Bhala **isibuyekezo** sale athikhili yephephandaba usilandise ngakho konke ekhuluma ngakho.

[20]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 20**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-40 kuya kwangama-60.

3.1 IFLAYA

Uvule ibhizinisi elidayisa amakha ('perfumes') anhlobonhlobo.

Bhala **iflaya** ozoyinika abantu ukuze bafike bezowathenga. [20]

3.2 IDAYARI

Ngesonto eledlule kusukela ngoLwesine kuya kuMsoMbuluko ubuvakashe nomndeni wakho edolobheni laseThekwini.

Bhala **idayari** yezinsuku ezinhlanu ngezinto enanizenza kuleli dolobha. [20]

3.3 IMIYALELO

Ungumfundi ophumelela kahle esikoleni. Ucelwe ukuthi ubhale imiyalelo engalandelwa abafundi uma belungiselela ukubhalwa kwezivivinyo zabo zasekupheleni konyaka ukuze baphumelele.

Bhala **imiyalelo** ezolandelwa ngabafundi. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 80